SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha linamakhasi ayi- **12.** Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.

2. Leli phepha lehlukaniswe **IZIQEPHU EZINTATHU:**

| | | |
|---|---|---|
| **ISIQEPHU A:** | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| **ISIQEPHU B:** | Ukufingqa | (10) |
| **ISIQEPHU C:** | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (30) |

3. Phendula yonke imibuzo ekuleli phepha.

5. Qala **ISIQEPHU NGASINYE** ekhasini **ELISHA**.

6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.

9. Ukwabiwa kwesikhathi okuncomekayo:

| | |
|---|---|
| **ISIQEPHU A:** | Imizuzu engama-50 |
| **ISIQEPHU B:** | Imizuzu engama-20 |
| **ISIQEPHU C:** | Imizuzu engama-50 |

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.



SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za

This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS


# ISIQEPHU A: ISIFUNDO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1

1.1 Funda **UMBHALO A** bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO A (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**

**UKUKHETHA UMSEBENZI OLUNGILE**



*[Source: Isithombe sicashunwe ku-inthanethi WWW.Diall.e.Ai]*

Ukukhetha umsebenzi kungesinye sezinqumo ezibaluleke kakhulu ekuphileni komuntu. Abanye abafundi banquma imisebenzi yabo ngenxa yokuphoqwa ngabazali babo, kanti abanye bazikhethela imisebenzi abayithandayo. Nokho, ukukhetha umsebenzi kufanele kube yisinqumo esenziwa ngobunono (carefully) nangokucabangisisa (thoughtfully).

Imisebenzi ehlukahlukene idinga amakhono ahlukene. Ngokwesibonelo, udokotela udinga ulwazi olunzulu lwezokwelapha (medicine), ummeli udinga ulwazi lwemithetho (law), kanti onjiniyela kumele babe namakhono okubala kanye namasu (strategies). Kumele futhi umfundi azi ukuthi isikole noma inyuvesi ethile izomlungiselela ngendlela efanele ukuze aphumelele emsebenzini wakhe.



SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za

This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS


Ngaphezu kwalokho, abafundi abaningi bazizwa bedidekile (confused) lapho bekhetha umsebenzi ngoba bengaqiniseki ukuthi yini ebafanelayo. Ngalesi sizathu, kubalulekile ukuba abafundi bathole ulwazi lwemisebenzi ehlukene, babuze imibuzo kubantu abasebenza kuleyo misebenzi, futhi bathathe izivivinyo zokuhlola amakhono abo (career assessments).

Ukuqonda amathuba omsebenzi kuyisinyathelo esibalulekile. Kwezinye izimboni, umsebenzi ungatholakala kalula, kanti kwezinye kunzima ukuthola ithuba. Ngakho-ke, abafundi kumele bacwaninge kahle mayelana nezidingo zemisebenzi ethile, amathuba emisebenzi esikhathini esizayo, kanye nezidingo zemfundo ezihambisana nemisebenzi abayithandayo.

Izinga lemali umuntu azoyithola nalo libalulekile ekukhetheni umsebenzi, kodwa akufanele kube yisona sizathu esiyinhloko. Kunezinto ezibaluleke kakhulu ezinjengokujabulela umsebenzi wakho, ukuthuthuka, kanye nesikhathi sokuziphumulela (work-life balance). Uma umuntu ethanda umsebenzi wakhe, ezimisela uzoba nesasasa (passion) ekwenzeni umsebenzi wakhe.

Abantu abaningi bakhetha imisebenzi ngokulandela imikhuba yomphakathi noma imindeni yabo. Nokho, kubalulekile ukuthi umfundi akhethe umsebenzi ohambisana namakhono akhe nentshisekelo yakhe, hhayi nje ngoba umndeni noma abangane bakhetha umsebenzi othile. Lokhu kuzomnika injabulo nesikhuthazo esikhathini eside.

Ukukhetha umsebenzi kungase kube yinselelo uma umuntu engenalo ulwazi olwanele. Kungaba wusizo ukuthi abafundi babambe iqhaza ezinhlelweni zokuhlola umsebenzi ezihlelwa izikole noma izinhlangano ezahlukene. Lokhu kungabasiza ukuthi bazazi kangcono, bathole ulwazi ngemisebenzi abangalandelela, futhi benze izinqumo ezifanele ngekusasa labo.

Ngaphezu kwalokho, kubalulekile ukuthi abafundi bangakhathazeki kakhulu uma bengazi kahle ukuthi yimuphi umsebenzi abafuna ukuwenza. Kungenzeka umuntu athenjiswe umsebenzi othile kodwa kamuva ashintshe umqondo. Lokhu kuyinto ejwayelekile, futhi abantu abaningi bashintshela kwamanye amakhono noma izimboni emuva kweminyaka ethile besebenza.

Enye into okufanele icatshangwe yindlela yokufinyelela emsebenzini othile. Eminye imisebenzi idinga iziqu ezithile, kuyilapho eminye ingadingi imfundo ephakeme kodwa idinga ulwazi nokuqeqeshwa. Ngakho-ke, abafundi kumele bacwaninge ukuthi yimiphi imisebenzi edinga iziqu ezithile nezidingo zokungena kuyo. Okunye okubalulekile ukuthi wazi ukuthi uzofinyelela kanjani emsebenzini lowo uma usuqashiwe. Kubalulekile ukuthi ukhethe umsebenzi owaziyo ukuthi uzoba sendaweni lapho uyokwazi ukufiyelela kuyo. Ngakho-ke kubalulekile ukuhlala phansi uhlele konke okumayelana nemali oyoyisebenzisa ukufinyelela emsebenzini. Abantu abaningi abaqashwa ngenxa yokuthi bahlala kude .Abaphathi bemisebenzi bayabhekisisa ngempela lapho uthumela khona isicelo

© SACAI COPYRIGHT

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za

This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS


somsebenzi ukuthi uhlala kuphi kanti futhi kungakuthatha isikhathi esingakanani ukuba ufike emsebenzini ngesikhathi.

Kubalulekile futhi ukuthi umfundi acabange ngekusasa lakhe uma ekhetha umsebenzi. Kunezindawo zomsebenzi ezishintsha ngokushesha ngenxa yezobuchwepheshe (technology) nezinguquko zomhlaba. Ngakho abafundi kumele bacabange imisebenzi ezoba namathuba amaningi esikhathini esizayo.

Ngakho-ke, ukukhetha umsebenzi akumele kube isinqumo esithathwa ngokushesha, kodwa kufanele kube yinqubo ehlakaniphile nenohlonze (well-considered). Uma umuntu ekhetha umsebenzi ohambisana namakhono, izifiso kanye nezidingo zakhe, amathuba empumelelo ayakhula kakhulu. Ukuzimisela, ukufunda ngokuqhubekayo, kanye nokusebenza kanzima kuyindlela enhle yokwakha ikusasa eliqhakazile.

*[Source: Umbhalo wokuziqambela]*

1.1.1 Yiziphi izizathu zokuba abafundi bakhethe imisebenzi? (2)

1.1.2 Khetha impendulo eyodwa kulezi ozinikiwe ukuqedela umusho olandelayo:

Ukukhetha umsebenzi kungesinye sezinqumo …

A. esilula kakhulu empilweni.

B. ezibaluleke kakhulu.

C. esinzima empilweni yomuntu.

D. esinzulu kakhulu. (1)

1.1.3 Ukukhetha umsebenzi kufanele kube yisinqumo esinjani? (2)

1.1.4 Bhala imisebenzi emi-3 okukhulunywa ngayo endabeni. (3)

1.1.5 Bhala umqondophika wegama: **ngaphezu.** (1)

1.1.6 Bhala umqondofana wegama: **namasu.** (1)

1.1.7 Kungani abafundi bezizwa bedidekile uma kufanele bakhethe imisebenzi? (1)

1.1.8 Chaza ukuthi kungani izinga lemali lingafanele kube yisona sizathu esiyinhloko sokukhetha umsebenzi. (2)

1.1.9 Humusha la magama asetshenzisiwe endabeni ngesiNgisi:

1.1.9.1 Amakhono. (1)

1.1.9.2 Onjiniyela. (1)



SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



1.1.10 Uma ufisa ukuba **uthisha**, yimaphi amakhono okufanele ube nawo? Bhala amakhono AMABILI. (2)

1.1.11 Uma wena ubufanele ukhethe umsebenzi, yimaphi amakhono namaqhinga ongawasebenzisa ukuthatha isinqumo esihlakaniphile? (2)

1.1.12 Bhala isifundo esitholakala kule ndaba. (1)

**(20)**

1.2 Bukisisa UMBHALO B bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO B (OBUKWAYO NOFUNDWAYO)**




[Isithombe sithathwe: ku www.africartoons.com. Ibhalwe ngu Qop's Mngadi.]

1.2.1 Iyiphi le ncwadi uMrev athi abazalwane abambambelele kuyo? (1)

1.2.2 Uthi mabafane nobani abazalwane, futhi benzeni? (2)

1.2.3 Bhala izilwane ezisemfanekisweni B. (1)

1.2.4 Qhathanisa okwenziwa uMrev emfanekisweni A nasemfanikesiweni B. (2)

1.2.5 Iziphi izinkinga abhekene nazo emfanekisweni B? (2)

1.2.6 Bhala akugqokile emfanekisweni A, angasakugqokanga emfanekisweni B. (1)



SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za

This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS


## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi esikhuluma ngokuxwayiswa kwabafundi ngobumnandi basemanyuvesi bese usifingqa ngamaphuzu ayi-7.

### IMIYALELO

1. Bhala amaphuzu ayi-7 ngemisho ephelele. Amagama akho angeqi/angadluli kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweyesi-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Bhala ngamagama akho.
5. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

### UMBHALO C (OFUNDWAYO)

**KUXWAYISWE ABAFUNDI NGOBUMNANDI BASEMANYUVESI**

IMEYA kaMasipala *iBig 5* Hlabisa, uMnu Comfort Khumalo, idonse abafundi ngezindlebe ngomkhuba wokuthanda ubumnandi baze bakhohlwe yinhloso yokuba semanyuvesi.

UKhumalo usho lokhu ngesikhathi kuhalaliselwa abafundi abaphase ngamalengiso izivivinyo zika-*matric* ezikoleni ezingaphansi kukaMasipala *iBig 5* Hlabisa.

"Ithuba lokufunda liyafika, lidlule bese usala nesikweletu enhlizweni yakho. Siyanxusa ukuba ngaso sonke isikhathi ukuthi ufunde, uqikelele uphinde ukhumbule isimo osishiye ekhaya," kuphetha uKhumalo.

UMengameli we-IFP futhi ongungqongqoshe womNyango wezokuBusa ngokuBambisana kuzwelonke, uMnu Velenkosini Hlabisa, uhalalisele uKhumalo noMnyango wezeMfundo njengoba abafundi abangaphezulu kuka-*8000* bethole imiphumela ebenza bayoqhuba izifundo zabo emanyuvesi.

UHlabisa, odabuka kulesi sifunda, uthe ukholwa ukuthi laba bafundi bazobuya emakhaya emuva kokuphothula iziqu zabo sebezothuthukisa izindawo zasemakhaya.

Izikole ezingaphansi koMkhanyakude ziphase ngo- *100%* kanti uMkhandlu *iBig 5* Hlabisa unikele ngama- vawusha abiza *uR10 000* kumfundi ngamunye.

UHlabisa uqhakambise iqhaza elibanjwa abantu besifazane emakhaya emuva kokuphumelela empilweni. UHlabisa uthe noma ungahamba izwe uliqede, umuzi onezingane ezingafundile ugqama njengembuzi emhlophe endaweni eyihlungu.
"Kodwa emphakathini onezingane ezifundile awubuzi, izakhiwo uzibona udlula ukuthi ikhona ingane efundile. Izingane ezifundile azizigqaji ngemixhaso eyakhiwe emakubo. Yingakho zizinikela ekwakheni," kusho uHlabisa.



SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



Eqhuba uHlabisa uthe amantombazane yiwo ahamba phambili ekuqinisekiseni ukuthi avuse ikhaya. "Amantombazane awaqali ngokuthenga imoto, uma ethola umsebenzi kodwa abafana bagijimela zona."

Omunye wabazali, uMnu Thokozani Mbatha uthe indodana yakhe ibihlezi iyingane ezimisela kakhulu ezifundweni zayo.
"Ngiyakujabulela ukusebenza ngokuzikhandla kukaThabani nokubayingane elalelayo kanti nami futhi bengimvusa. Njengoba ngizommela lapha namuhla yingoba yena use*Cape Town* eNyuvesi yase*Stellebosch* lapho ayokwenza khona izifundo zakhe zobudokotela," kusho uMbatha.

*[Ithathwe ephephandabeni: ISOLEZWE, Februwari 9 – 2025, yalungiswa.]*

**UKWABIWA KWAMAMAKI**

| | | |
|---|---|---|
| **Ingqikithi** | : Amaphuzu ayisikhombisa enza umqondo. | (7) |
| **Amagama omfundi** | : Umfundi usebenzise amagama akhe. | (1) |
| **Amaphuzu** | : Umfundi ubhale izinombolo noma amabhulethi. | (1) |
| **Inani** | : Amagama aphelele angadluli kwangama-60 futhi uwabhalile. | (1) |

**AMAMAKI ESIQEPHU B: [10]**



SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za

This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS


# ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

## UMBUZO 3

Bukisisa UMBHALO D bese uphendula imibuzo ezolandela.

### UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)



*[Isithombe senziwe ngu www.Diall.e.AI]*

Ezinye izisebenzi zisebenza kanzima kodwa aziholi imali efanele ngomsebenzi wazo. Imisebenzi efana nabathungi, abahlanzi, kanye nabasebenza ezindlini zokudlela ivamise ukuba nemiholo ephansi. Lokhu kubangela ukuthi abantu abaningi bangakwazi ukunakekela imindeni yabo. Kubalulekile ukuthi uhulumeni kanye nabaqashi babheke izimo zokusebenza futhi benze izinguquko ezizothuthukisa izimpilo zabasebenzi.

*[Umbhalo wokuziqambela]*

3.1 Bhala lo musho ushintshe izinhlamvu zamanye amagama zibe sebunyeni: "Ezinye izisebenzi zisebenza kanzima kodwa aziholi imali efanele ngomsebenzi wazo." (5)

3.2 Bhala lo musho olandelayo ngendlela ephikayo:

3.2.1 Imisebenzi efana nabathungi, abahlanzi, kanye nabasebenza ezindlini zokudlela ivamise ukuba nemiholo ephansi. (1)

3.3 Bhala **ubuningi** bala magama alandelayo:

3.3.1 Imali

3.3.2 Uhulumeni (2)

3.4 Lungisa igama elikubakaki libe impambosi efanele ukuze umusho ufundeke kahle:

3.4.1 Kufanele kube noku(-sebenza) phakathi kwabasebenzi nabaphathi. (2)

**(10)**

© SACAI COPYRIGHT

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za

This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS


**UMBUZO 4**

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**




*[Isithombe sithathwe: ku https://tinyurl.com/2xc86wkc]*

4.1 Bhala ubudlelwano balaba abasesithombeni. (1)

4.2 **Tomula** igama elilodwa elikhombisa ukuthi ubaba wayejabulile. (1)

4.3 Shono ukuthi luhlobo luni lwala magama alandelayo atholakala esithombeni:

4.3.1 Esikoleni (1)

4.3.2 Iphupho (1)

4.4 Bhala lo musho olandelayo kabusha **"Uzibambe njalo izifundo"**.

4.4.1 ube senkathini ezayo. (1)

4.4.2 Ube sebunyeni. (1)

4.5 Phinda ubhale lesi siqephu bese ubhala izimpawu zokuloba ezifanele lapho okufanele khona.

| |
|---|
| uthabo uxoxa nobaba wakhe mayelana nafisa ukuba yikho uma esekhulile ubaba uzomfundisa ukukhanda izimoto , ukubona uma imoto inenkinga ukufaka isondo kanye nokucwaninga imoto ukuze iphupho lakhe lokuba ngunjiniyela lizofezeka afunde ewits university |

($^1/_2$ x 8 =4)



SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



4.6 **Lungisa** amagama akubakaki ukuze le misho ifundeke kahle.

4.6.1 Esithombeni kunabantu (-bili). (1)

4.6.2 Ubaba uthela amafutha akhe (isigubhu). (1)

4.6.3 Umfana (-ncane) ufake izibuko za (amehlo) (2)

4.6.4 Umfana nobaba bakhanda imoto (isipanela) (1)

**(15)**

**UMBUZO 5**

Bukisisa UMBHALO F bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO F (OFUNDWAYO)**

**ISIKHANGISO SOMSEBENZI**

Umsebenzi : Umpendi Wezindlu (Painter)
Indawo : eThekwini
Inkampani : Izandla Zobuciko (Hands of Art)
Umholo : R500 ngosuku

Sifuna abantu abazodweba izindlu. Kufanele:

- ✔ Babe neminyaka engaphezu kwe-18
- ✔ Bazi ukudweba kahle
- ✔ Basebenze neqembu
- ✔ Singahlinzeka ngezinto zokudweba

Uma unentshisekelo, thumela i-SMS ethi "UMSEBENZI" ku-082 345 6789.
Qaphela: Akudingeki isipiliyoni esiningi. Woza uzame! 😊

*[Umbhalo wokuziqambela]*

5.1 Shono ukuthi aluhlobo luni lwebizo la magama alandelayo:

5.1.1 Umpendi (1)

5.1.2 Umholo (1)

5.1.3 Iqembu (1)

5.2 Bhala lezi zinombolo ezilandelayo ngesiZulu:

5.2.1 R500 (2)

5.2.2 18 (1)



SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za

This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS


5.3 Bhala **izinciphiso** zala magama alandelayo:

5.3.1 Indlu (1)

5.3.2 Iminyaka (1)

5.3.3 Umsebenzi (1)

5.4 Nika **umqondofana** wegama elithi: **Ngosuku.** (1)

**(10)**

**UMBUZO 6**

Fundisisa UMBHALO G bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO G (OFUNDWAYO)**

| |
|---|
| Odokotela basiza abantu abagulayo ezibhedlela nasemtholampilo, futhi basebenza kanzima ukuze abantu baphile kahle. Othisha, njengoba benza umsebenzi obalulekile, bafundisa izingane izifundo ezihlukahlukene esikoleni. Umnumzane Dlamini unguthisha osebenza iminyaka eminingi, futhi ungesinye sezibonelo zobungcweti ekufundiseni. |

6.1 Nika **izifinyezo** zala magama asetshenzisiwe kwisiqeshana esingenhla:

6.1.1 Umnumzane (1)

6.1.2 Odokotela (1)

6.2 Bhala **isihlanganiso** esisodwa esitholakala esiqeshaneni esingenhla. (1)

6.3 Bhala igama **elimqondophika** naleli elisetshenziswe esiqeshaneni esingenhla:

6.1.3 kanzima (1)

6.4 Qala lo musho njengoba ukhonjisiwe:

***Odokotela basiza abantu abagulayo esibhedlela nasemtholampilo.***
**Kusasa**… (1)

**(5)**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: [40]**

**AMAMAKI ESEWONKE ANGAMA: [80]**



SA EXAM PAPERS
Proudly South African